**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**UKUHLOLWA KWESIGAMU SONYAKA UMEYI NOJUNI 2019**

**IPHEPHA LESIBILI**

**IBANGA LESHUMI ( GRADE 10)**

**ISIKHATHI : 2 AMAHORA** **AMAMAKI :70**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuba uphendule.
2. Phendula imibuzo njengoba kulindelekile.
3. Bhala ngesiZulu esihle.
4. Bhala ngesandla esihle.

**1.UMCULO OMNANDI – STHEMBISO KHWELA**

Funda lezi ziqeshana bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

" Linda mntanami, nami ngalinda.Futhi kungcono okwakho ukulinda mina

uyihlo wayengilanda angilethe kubo ajike angishiye endlini.Ngiyothi ngiyezwa sekuthiwa nanguya ehujwa ngesiqwayi ekhishwa elawini lentombi thizeni.Ngabekezela khona kunjalo.Bekezela mntanami , fuza mina"

Kuthi ukuthuleka.

" Usekhona Zandi? "

" Ngisekhona Mama."

" Uyangizwa ukuthi ngithini?"

" Yebo ngiyakuzwa futhi angideleli amazwi akho.Yikhona nje ukuthi ngeke ngisakwazi ukulinda.Useyongifica kubo.UThandeka uthe angigibele ngize kuye".

" Awuboni – ke , nalokho kusewumqondo omuhle.Lokho kuzokwenza ukuthi akuqonde uFreddy ukuthi ubaluleke kangakanani kuwe.Hamba nje mntanami uyozihlalela noThandeka ukuze aphelelwe amaqhinga lapho esekufica usumlinde kubo."

" Ngizobuya ntambama –ke"

" Kulungile Zandi wami."

" Mama, esho ngelincengayo.

" Yebo , evuma ngelinokumangala .

" Ngicela okwanamhlanje nje kuphela uthi ukushikisha nje kuntante wena ekhishini."

Hhayi –ke asuke aye ematekisini aya eChesterville. Ibuhlungu kodwa inhliziyo yakhe .UFreddy umenza ibhola leli alibhamuza nabangane bakhe nsuku zonke .Umenza isilima ,isiphungamathe uqobo lwaso.

Kulowo mzuzu emqondweni wakhe kwavele kwafika amazwi ombhali nomgqugquzeli wamalungelo abesifazane ahlangana nawo encwadini yalo mbhali ethi," Pride and Feminism." Lawo mazwi ayethi, " Inkululeko eyiyonayona kwabesifazane iyovela mhla abesifazane bazikhulula bona ejele

lokwazi ukuthi abaphelele ngaphandle kwabesilisa."La mazwi ombhali agaleleka emqondweni kaZandisile awubusa.Kwangathi uqeda kuwafunda manje.Azwakale esenxapha."Kodwa ngimdudani nje uFreddy? Uyazibuza .

Khimilili, ame.

1.1. Ngobani abaphendulana kulesi siqephu? (2)

1.2. Kungani bephendulana kanjena ? (2)

1.3. Ubani lona obelindelwe uZandi ngalolu suku? (1)

1.4. Kungani umama kaZandi enze uZandi akubekezelele ukungafiki kwesoka lakhe ? (2)

1.5. Ucabanga ukuthi umama (uMaZubane ) ungumlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amabili. (3)

1.6.Uma wawunguZandisile wawuyoyithatha kanjani le ndaba kaFreddy nomama wakho? Bhala amaphuzu abe mabili. (3)

1.7.Udweshu lususwa yini kule ndaba ? (2)

1.8.Ake uhluze isingeniso sale ndaba . (2)

**BENGINGEKE NGISAKWAZI- Sithembiso Khwela**

"Engakwazi nalapha ekhaya nje ayofika mhla zingaki?"

" Ucabanga ukuthi inombolo yocingo siyithathephi? Konke sikuthole kudayari yakhe umyeni wakho."

" Hhayi , azothatha isikhathi , kungcono ngishaye imoto manje ngizizele mina lapho" Waluthi gakla phansi ucingo uMaNduli. Waqonda ekamelweni lakhe wathi hlwi okokugqoka okufudufudumele wakuthi ji ngaphezu kwezokulala

Abezifakile.Konke ubewubeke kuphi ukhiye wemoto? O, nawu ulenga odongeni.Awuthathe.Emva kwalokho waqonda ekamelweni likaNtombi.

Uzihlalele nje uNtombi embhedeni uphethe ipeni nephepha uyabhala.

Kukhulu – ke lokho akubhalayo mosekumenze wathatha ingqondo yakhe wayigxilisa kukho.Nakhu phela akamzwanga ngisho nonina evula umnyango.

Usezwa ngaye nje esethi, " Ntombi ,sengathi kukhona okungahambi kahle lapha.Ngisaphuthuma esiteshini samaphoyisa eSherwood."

Wathi bhakla isicabha washingila akangalinda ngisho ukuzwa uNtombi ukuthi umphendula uthini.Uthi , " Yebo ma"nje uNtombi ,usezikhulumela nomoya .Emva kwesikhashana nje yabe seyiphumile eReservoir Hills imoto kaMaNduli.

Yathi ingafika esiteshini samaphoyisa , waqgashisa okwenhlamvu engena ngaphakathi.Wangena wathi qala qala, wabe eseqhwetshwa elinye lamaphoyisa athi angafika eduze kwalo lase lithi ," UnguNkosikazi Sikhosana angithi?"

1.9. Ubani lo oshaya imoto iya emaphoyiseni? (1)

1.10. Kungani ephuthuma kangaka emaphoyiseni? (2)

1.11. Yingani ekhethe ukuzilengisa umyeni walo okhulumayo? (1)

1.13. Yini enye ingqinamba etholakale yenzeka ekhaya likaMaNduli ngalolu suku? (2)

1.14. Ngokubona kwakho kwakufanele uMaNduli athembe bani phakathi kwendodakazi yakhe nomyeni wakhe? Sekela ngamaphuzu **amabili.** (3)

1.15.Ngokubona kwakho uThemba ungubaba onjani? Bhala iphuzu elilodwa (2)

1.16.Bhala amaphuzu **amabili** ayengathathwa uNtombi ukuzama ukuxazulula le nkinga ayesekuyona. (2)

1.17.Chaza ukuthi sisho ukuthini lesi simo sokukhuluma:

Wagqashisa okwenhlamvu.... (2)

1.17. Ucabanga ukuthi yini eyabangela uMaNduli ahlulwe ukuxazulula inking yakhe? (1)

1.18. Isiphetho sale ndaba kungabe sibhaleke kahle yini?Phendula ngephuzu **libe linye**. (2)

(35)

**ELOKUFA ALITSHELI – M.M. NDLOVU**

2. Funda lezi ziqephu bese uphendula imibuzo ngomusho ophelele.

> " Uzomyeka Vela ekubeni ekwenze njena?" UBhiza wayeselibukela eduze iso lomngane wakhe omdala nakhu wayesesondele kuye emlethele ugwayi athi nje ewamukela uVela wayewudonsa ngamawala , intuthu yaphuma ngomlomo nangamakhala.
>
> " Bhiza mfethu ngize lapha kuwe ngoba ngidinga usizo lwakho.Ngicela mfethu ungiphephise kuleli bhubesi elingubaba.Enjalo nje uma exabene name udubela kuwo wonke umuntu ekhaya.Angingabazi nje kumanje ushaya umama ngenxa yami nje.
>
> "Yini, nithusana nje kwenzenjani?"
>
> " Ayikho mfethu into engiyenzile. Ungifice nje emkhukhwini wami ngizibhemela ugwayi omkhulu , kwaba ngukungishaya kwakhe njalo. Ngikhuluma nje uthi ngingaphinde ngilubhade kwakhe.Ubaba akangifuni,
> sengibone kahle futhi, uma ngilelele uzogcina ngokungibulala nya," waciphizela isinqamu esivalweni sikapholishi esase sinephunga lensangu elingapheli ngisho umlotha ungasekho.

2.1.Ngobani laba abaxoxa kulesi siqephu? (2)

2.2. Baxoxa ngani laba ababili? (1)

2.3. Ngowakwabani isibongo lo oshayiwe ? (1)

2.4. Ngokusho kwakhe ubekade eshayelwani ngempela? (1)

2.5. UMaBani umama walo mfana oshayiwe? (1)

2.6. Ngokubona kwakho wayenza okufanele yini uyise walo mfana ngokumshaya? Sekela impendulo yakho. (2)

2.7. Uma kwakunguwena uVela wawuzokwenzenjani ngobaba wakho? (2)

2.8. Yiziphi izenzo zalaba ababili ezingabonakali zihlangana nakancane nje nesikole? Bhala zibe mbili. (2)

2.9. Ucabanga ukuthi ukuvunwa kukaVela unina kwakunamphumela muni kuyena? Bhala kube kubili. (2)

2.10. Ubani igama likadadewabo kaVela? (1)

"Bamba la kanti awukakafi Sathane?" Lowo mvimbi wahlala esifubeni ovalweni , wabhodla izibindi uBhiza wenela.Wavuka wahlala ngezinqe, waphimisa igazi elaliphuma emihlathini eyayisixega ngenxa yomvimbo owawuhlale enhlafunweni waze waziluma ulimi.

" Sale usungixolela manje mhlonishwa,usungitube nganela.Mina bengizidlalela,

Bengingazi ukuthi unolaka olungaka.Ngiyaxolisa ngempela, ngicela ungabe usangiphinda," wayesho ngezwi elincengayo uBhiza inkani isishabalele okobumnyama kuqhamuka inhlamvu yelanga.

Unogada owayeshaye uBhiza wadlula, wabuya ngokushesha emuzwa ekhuluma.Wafika kuyena waphakamisa isiqwayi sakhe wavala amehlo uBhiza,kanti lutho uyamsikaza.

" Niluhlaza nina bosikhotheni .Usenayo inkani? " Wayelokhu emhlohloloza ngawo umshiza.

"Lutho sikhulu sami, sengithule.Ngixolisa kakhulu, bengizincokolela.Nxese uma

ngincokole kabi, wayetoboza iphuphusi elisekhanda ehle atoboze umhlathi ,adilikele esifubeni agcine ezimbanjeni.

2.11. Ubani lo obizwa ngoSothane ongakafi? (1)

2.12. Ushayelwani lo okuthiwa akakafi? (1)

2.13 Ucabanga ukuthi wayeqinisile yini lo owayeshaywa ukuthi uyaxolisa?Sekela impendulo yakho (2)

2.14. UBhiza noVela banobuntu obufanayo.Uyavuma noma uyaphika .Sekela impendulo yakho. (2)

2.15. Ucabanga ukuthi unogada wenze okufanele yini ngokomthetho wezwe laseSouth Afrika lapha? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amabili. (3)

2.16. Phendula ngokuthi YIQINISO noma YIPHUTHA

2.16.1.UBhiza ngumfana ohloniphayo kakhulu kubaba wakhe. (1)

2.16.2.Unogada wayeshaya uBhiza ukuvikela othisha esikoleni. (1)

2.16.3.UVela wamduduza uBhiza ngokulimala kwakhe. (1)

2.17. Yiluphi udweshu oluqalwa uVela noBhiza olwenza isimo sibe sibi kakhulu.Chaza ngephuzu elilodwa. (2)

2.18. Ukuphuma kukaVela endlini kadadewabo eshiya izingane zodwa kwaba namphumela muni? Bhala ngamaphuzu amathathu. (3)

2. 19.Ngobani amagama ezingane ezingabashana bakaVela? (2)

2.20.Zaziyiswe kuphi iklinikiki izingane zikaNgwane? (1)

(35)